

ISITATIMENDE SIKAKHOMISHANA WAKWA-SARS U-EDWARD KIESWETTER ESITHANGAMINI SABEZINDABA EBESIBANJWE NGOLWESIBILI MHLA ZI-5 KUNHLABA 2020

AKE NGIQALE NGOKUXOLISA NGOKUTHI KUNINGI OKUMELE NGIKWABELANE NANI KANJALO NOMPHEKATHI

IZIHLOKO ESIZOKHULUMA NGAZO:

- A. Indlela abakwa-SARS abaphendula ngayo ezinselelweni ze-Covid-19 ekhona njengamanje
 - 1. Izinhlelo zokusebenza
 - 2. UkuSingathwa kwemali eqoqwayo
- B. Isikhathi sokubuyisa amaphepha entelangeniso lomuntu siqu 2020/21
- C. Ukuphosa iso kafishane ezinyangeni eziyi-12 selokhu ngaqashwa mhla lu-1 kuNhlaba 2019

Nginyanibingelela ntambama futhi ngiyanemukela kulesi sithangami sethu sabezindaba. Kuningi okushintshile ezinyangeni ezimbili nesigamu okufikise ekugcineni unyaka obuveli unezinselelo eziningi ngaphambi kokufika kwe-COVID-19 nokwehliselwa kotshalomali. Sesihamasonto ama-5 enyakeni omusha wonyakamali, sekuyaqala ukuzwela njengoba uHulumeni ezama ukusimamisa ezempilo nokushona kwabantu ebe ngapha ebhekene nokuzama ukulungisa izinselelo zenhlalakahle nezomnotho.

Ngithanda ukuqala ngezinsalelo esibhekene nazo ngenxa ye-Covid-19, ikakhulukazi indlela ebe nomthelela ngayo ezinhlelweni zethu zokusebenza kanjalo nokuqala ukuzwela komthelela wayo ekuqoqweni kwezimali ezingenayo.

1. IZINHLELO ZOKUSEBENZA NGAPHANSI KWESIMO SE-COVID-19

Umhlaba, iNingizimu Afrika ikakhulukazi thina lapha kwa-SARS sibhekene nezinsalelo esingakaze sabhekana nazo ngaphambilini, okwenza sizithole sidukuza oswini. Zibekwa nje, ngithanda ukusho ukuthi ukudukuza oswini akuchazi ukuthi uqhubeka nje ngaphandle kohlelo. Kuchaza nje ukuthi uyaqhubeka kodwa ube uzigadile, usebenzisa ubufakazi obukhona, uqhubeka wamukele ulwazi olusha kanti okusemqoka kakhulu ukuthobeka, ukuba nogqozi lokufunda, kanye nokwazi ukwenza indlela oyisebenzisayo ihambisane nesimo njengokuguguququka kwaso.

Yile ndlela-ke esiqhubeka ngayo kwa-SARS, kanti futhi ngithanda ukudlulisa ukubonga okungelinganiswe kozakwethu abazinikele ekulekeleleni ekutholeni indlela efanele abakwa-SARS abangayilandela ukuze sibhekane nalezi zinsalelo ezikhona.

Ngaphansi kweMithetho-nqubo yokuSingatha iziNhlekelele, uKhomishana wakwa-SARS ugunyaziwe ukuba abheke ukuthi yimiphi imisebenzi yakwa-SARS ethathwa njengesemqoka. Bangingi abebebuza ukuthi kungani u-SARS usemqoka ngalesi sikhathi. Angithi nje, uma kuke kwaba nesikhathi lapho kumele senze lokhu okuwumyalelo wethu, yiso lesi sikhathi.

Kakhulu kunakuqala:

1. Uhulumeni udinga imali engenayo ukuze akwazi ukulekelela amabhizinisi nabantu, ikakhulukazi ukuze akwazi ukugcina izisebenzi zomphakathi zezempilo, kanye nezinye izisebenzi eziphambili kwezokwelapha ziqashiwe - isimo somnotho sivele sicindezekile kumanje.
2. Amabhizinisi nabantu abaningi badinga usizo lwezimali ezibuyayo okumele zikhokhwe - okudinga ukuthi abakwa-SARS benze izinqubo ezifanele zokuqinisekisa nokugada ubungozi obuhambisana nezimali ezibuyayo - okubuhlungu ukuthi sisabhekene nokungasetshenziswa ngendlela kohlelo lokukhokhwa kwezimali ezibuyayo.
3. Izisebenzi zethu zaseMnyangweni wokuThelisa bekumele ziqinisekise ukuthi izinsiza zokuzivikela ezaziwa ngama-PPE, izinto ezisebenza kwezokwelapha ezisemqoka nezisemthethweni ziyatholakala kanjalo neminye imithwalo evunyelwe ukuthuthwa nayo ihanjiswa ngokusemthethweni uma zidlula ezintubeni zokungena.
4. Kudingeke nokuthi silungise uhlelo lwethu olungumongo lokusingatha ukuze sisingathe zonke izindlela zokulekelela kwezentela okumenyezwe nguhulumeni.

Ngalesi sikhathi, kusemqoka kakhulu ukuthi abakhokhintela baqhubeke nokuthobela imigomo yentela.

Lokhu kusho ukuthi:

- Babhalise uma kuyisidingo ngokomthetho;
- Bathumele ukudalula kwentela nasemnyangweni wokuthelisa, amaphepha okubuyisa intela, kanjalo nanoma ikuphi okumele kuthunyelwe uma kudingekile
- Ukwenza izinkokhelo ezifanele uma kufika isikhathi sokuthi zikhokhwe, ngaphandle uma bengene esivumelwaneni esivumelekile sokwenza izinhlelo zokukhokha nabakwa-SARS.

Ukuba khona kwe-COVID-19 kuchaze ukuthi sibuyekeze izindlela esisebenza ngayo. Ngithanda nokwazisa abantu baseNingizimu Afrika ukuthi kudingeke ukuthi silinganise umyalelo osemqoka njengoba sengishilo, nobungozi kwezempilo kuzisebenzi zethu kanjalo nabakhokhintela, abahwebi, nabasebenzi.

Pho yini esiyenzile ukulungisa indlela esisebenza ngayo?

- Sinyuse amasokisi emizamweni yethu yokuguqulela abakhokhintela abaningi ezinkundleni zethu ezisebenzisa i-inthanethi (idijithali)
- Isigqi sethu sokusebenza sisilungisile saba injwayelo entsha

Ngizokhuluma ngakho ngakunye kulandelane:

2. Okokuqala, njengengxenye yoMBONO wango 2024 sizinikele ekwakheni u-SARS wesimanje ohloniphekile ngokungangabazeki, owethenjwayo futhi oyisibonelo esihle". Sinqume ukusebenzisa le nhlekelele ye-COVID ukunyusa amasokisi ekusebenzeleni ukufezekisa lo mbono. Kuyintokozo kimi ukunazisa ukuthi amathimba ethu obuchwepheshe kanye nokusingathwa kwemininingo asebenze ngokuzikhandla engeza eminye imisebenzi engama-30 kulokhu okutholakalayo ngokusebenzisa i-inthanethi kubandakanya:

1. **Ukubhalisa okuzenzekelayo uma ubhalisela i-PIT** - cishe sekubhaliswe ayizi-6 000
2. **Isaziso sokuBhalisa i-Notice of Registration se-VAT** manje isiyatholakala ku-e-filing, okuvumela abahwebi be-VAT bakwazi ukubona, baphrinte noma balondoloze iSaziso sabo sokuBhalisa - cishe ziyizi-5000 esezenzekile
3. abakhokhintela bangasebenzisa uhlelo lwe-**efiling oluthuthukisiwe** ukwenza lokhu:
 1. Ukubheka isimo sabo sokuthobela imigomo yentela
 2. Ukubuyekeza imininingwane yabo yokubhalisa
 3. Ukugcwalisa ubufakazi bokubhalisa
 4. Ukuthola isitatimende se-akhawunti – abantu siqu kanye namabhizinisi
4. Labo abangathumeli amaphepha abo entela manje sebengakwazi **ukuthumela amadokhumenti esekelayo** ngokusebenzisa isizindalwazi - ukunciphisa isidingo sokuza emahhovisi ethu - kuze kube manje sesamukele amaphepha athunyelwe angaphezulu kuka-1200
5. **Sihoxise isidingo senhlolovo mayelana ne-VAT** njengokuyisidingo ngaphambi kokubhalisa saya emva kokubhalisa - bayizi-3000 abakhokhintela abakusebenzisile lokhu

6. Sisungule inqubo yokuqinisekisa **imininingwane yasebhangwe kwaba yinqubo eyodwa** ngokusebenzisa umshini wemininingo othuthukisiwe kanye nokuqinisekisa okusebenzisa imishini esebenza njengabantu - iyizi-14 800 esigcwalisiwe
 7. Sithuthukise inqubo **yemiyalelo yentela nge-inthanethi** lapho abakhokhintela abangabantu siqu noma labo ababamelele bengakwazi ukufaka isicelo ngokusebenzisa i-e-filing,
 8. **Sididiyele uhlelo lwethu lwemibikombani (ama-imeyili)** nohlelo lwethu oluzenzekelayo lokusingathwa kwezinkinga ukuze sinike abakhokhintela ithuba lokuthumela imibuzo ngombikombani - lokhu sekunike izisebenzi zethu eziningi ithuba lokhuthi zisebenzele ekhaya uma zixazulula imibuzo yabakhokhintela - cishe iyizi-5000 imibuzo exazululekile
 9. Sethule uhlelo **lokubeka usuku olwenziwa nge-inthanethi** kulabo bakhokhintela nabasebenza ngentela abaphikelelayo noma abangakwazi ukuguqulela osizweni esiluhlinzekayo lwe-inthanethi (idijithali) - lokhu sikwenze ngoba sigwema ujenga olungenasidingo emagatsheni ethu ukuze silekelele kulezi zindlela zokuthobela imigomo yokuphepha komphakathi kwezempilo kanjalo nokukhuthaza ukuqhelelana kubantu.
 10. **Sithuthukise izizindalwazi** zethu ngokufaka ulwazi oluwusizo nemibuzo evamise ukubuzwa nezimpendulo zakhona kuso izizindalwazi sethu ukuze silekelele abakhokhintela, abahwebi kanye nezisebenzi zentela - kufinyelele ku-1,34 million, lapho izinkulungwane ezingama-80 kwakungababuza mayelana ne-Covid-19
 11. Njengamanje **sisaklama kabusha** izizindalwazi sethu ukuze sithuthukise indlela yokuthungatha kanjalo nokusebenza kwaso futhi sisenze sihambisane ngophawu lwethu olubukeziwe oluzokwethulwa maduzane nje.
 12. Okunye okuthuthukisiwe okwengeziwe sizokumemezela uma sekuqediwe ukusetshenzwa kukho.
3. Okwesibili, ukuze siphendule kumithetho-nqubo yokuvalwa kokunyakaza silungise **izindlela zethu zokusebenza** kanje:
1. Ngokushesha sethule izinhlelo ezine zokusebenza:
 1. Sinyuse **izinga lokuxhumana nezisebenzi zethu**, sisebenzisa izindlela eziningi zezinkundla zokuxhumana nemigudu yokuxhumana, kubandakanya izincwadi eziqondiswe kumuntu nomuntu kanye neizngxoxo ezenziwa yimi uqobo eziba ku-“fireside”, njengoba isimo siguquka ukuze ngixwayise nge-Covid-19, ngibazise ngezindlela zokusebenza, kanye nokuthi sihlale sixhumene kanjalo nokubacacisela ngezinto ezingacacile kubo nokubaqinisekisa,

2. **Ukuxhumana nabaholi bezinyunyana** ukuze senze ithuba lokuthi bathole ukucaciseleka kuvela kithi ngqo kanye nokubahlomisa ngokuthi baqonde izindlela ezintsha zokusebenza, baphinde basinike imbuyisambiko njalo uma kwenzeka kuba nezinkinga ezivelayo noma kukhona okukhathaza izisebenzi.
3. **Sisungule okwaziwa nge-Operations Bridge** ukuze kuhlelwe imisebenzi yansukuzonke kanye nokuqinisekisa ukuthi izidingo zabakhokhintela siyakwazi ukubhekana nazo, ukuze siqinisekise ukuthi isigqi sethu sokusebenza asishintshi esikhungweni sonke, kanye nokweseka amaphathi abangabakhuzi bempi.
4. Sethule **uhlelo lokuzazisa ukuthi uyasebenza** ukuze sikwazi ukumelana nale "njwayelo entsha", seseke ngokubonisa izisebenzi indlela yokwenza, siqeqeshe siphinde sikiphe iziqondiso.
5. Sisungule **izindlela eziningi zokusebenzisana** lapho abadwebi, amathimba esekelayo ezokwazi ukuhlanganisa nokuhlola nokulungisa inkundla yokusebenza, kanjalo nokulungisa izinqubomgomo nezinqubo zokusebenza ezijwayelekile ukuze kwesekwe lokhu "kujwayela okusha".
6. **Sihlanganise ithimba elizobhekana ne-Covid-19** elizofunda imithetho-nqubo, licwaninge izindlela ezilungile zokusebenza, lihlole ukuthi indawo yethu yokusebenzela isilungele na lesi simo, bese libika kuKhomishana.

2. **Phezu kwalokho:**

- Sivumele izisebenzi eziningi ezingahlabile ikhefu ukuba **zisebenzele emakhaya** ukuze sihloniphe imigomo nomoya wokuvalwa kokunyaka ezweni,
- Sethule uhlelo **lokusebenza ngokushintshana** ukuze sikwazi ukuqala sinciphise amazinga ezisebenzi ezisezikhungweni sethu okuza kuzo abantu sawabeka ekubeni kube nabantu abayingxenye yokuthathu kokuvamile yabantu abasemahhovisi, nokwenyusa kancane kancane amazinga ezisebenzi ezisemahhovisi ngokulandela imigomo yokwazi kwethu ukulandela imigomo yokuqhelelana kwabantu.
- Ukufundisa nokulekelela abakhokhintela, abahwebi kanye nezisebenzi zentela ngokusebenzisa **izikhungo zethu zokuxhumana** ukuze zishintshele ekusebenziseni i-inthanethi (idijithali), njengoba sibakhuthaza ukuba basebenzise "i-inthanethi".
- **Ukunciphisa ukuvakashelwa** kwamagatsha ethu ngokwethula uhlelo lokubeka usuku ozoza ngalo, nokuba nezisebenzi ezanele ukuphendula kulezo zinsuku ezibekiwe zokuvakashela amagatsha ethu.

3. **Izisebenzi ezisemakhaya**, lapho kufanele khona, zahlinzekwa ngalokhu:
 - Ukukwazi ukungena kuma-imeyili kanye nedata ukuze zikwazi ukuxhumeka ku-inthanethi,
 - Ukwazi ukungena ohlelweni olungumongo lwakwa-SARS ngokusebenzisa i-*virtual private network*.

4. Uma kuphoqa, lapho izisebenzi kudingeka ukuba **zize siqu emahhovisi akwa-SARS**, ukuzokwenza imisebenzi esemqoka, senze lokhu:
 - Siqalise izindlela ezinqala kwezempilo zomphakathi njengokusho kukaNgqongqoshe wezeMpilo, kanye nezindlela zakamuva zezempilo emsebenzini ezibekwe uMnyango wezabaSebenzi.
 - Ukulungisa kabusha izindawo zethu zokusebenzela nesihlanganela kuzo ukuze sikwazi ukusebenzisa izindlela ezifunekayo zokumelana nemigomo yokuqhelelana kwabantu.

5. Ngalesi sikhathi izinga lezisebenzi liphakathi kuka-15% kuya ku-30% ngesikhathi sokuqala sokuvalwa kokunyakaza ezweni, kanti manje siyasenyusa isibalo kancane kancane ukuze siqinisekise ukuthi siyakwazi ukumelana nezidingo zabakhokhintela futhi senze njengokomyalelo negunya lethu.
6. Silokhu siqaphile futhi siphendula esimweni esishintshashintsha ngesikhulu isivini.

4. Uhulumeni umemezele izindlela eziningi zokulekelela ukwehlisa iNtela kulesi sikhathi, kanti kube sekufuneka ukuba silungise izinhlelongqangi zethu zokusingatha ukuze siqinisekise ukuthi ukuqaliswa kokusetshenziswa kwazo esikhungweni akubi nazihibe.

5. Ngalesi sikhathi, abakwa-SARS baphinde bathola izinga eziningi ezivela eminyangweni eyehlukene kahulumeni icela usizo, ukuze isebenzise ithuba lalokhu imishini yethu yemininingo ekwaziyo ukukwenza, ikakhulukazi ngoba yesekela ukuthuthukiswa kwesithunzi sezindlela ezahlukene zokukhishwa kwemali esikhwameni sokulekelela

Uma sibheka ukuxhumanisa kokuhweba ngesikhathi sokuvalwa kokunyakaza ezweni, kwabekwa izindlela eziningi ukuze sikwazi ukufinyelela ezimpokophelweni ezifanayo ezimbili zokwazi ukuxhumanisa uhwebo oluvumelekile, sibe sithobela yonke imigomo yokuvikela izisebenzi zethu ezisebenza emnyango wokuthelisa. Lokhu kubandakanya:

1. Indlela yokudalula emnyangweni wokuthelisa ezenzekelayo inika abahwebi ithuba lokuthi bathumele ukudalula kwabo kanjalo nenqubo ezenzekelayo yokuthola izimvume ukuze

kuxhunyaniswe ukuhweba okusemthethweni sibe sinciphisa ukuxhumana ubuso nobuso phakathi kwezisebenzi zoMnyango wokuThelisa nabaHwebi.

2. Siqalise ukusebenzisa izindlela zokuvikela izisebenzi zethu zomnyango wokuthelisa ezibandakanya:
 - Ukubulawa kwamagciwane ezindaweni zokusebenza
 - Ukuhlinzeka izisebenzi ezisebenza phambili ngeziNsiza zokuziVikela ezaziwa ngama- Personal Protective Equipment
 - Ukusetshenziswa komshini ongangeni phakathi wokuhlola umzimba
3. Ukuxhumana nababambiqhaza ukuze sicacise imithetho-nqubo yokuvalwa kokunyakaza ezweni kanjalo nezindlela zokulekelela ezikhona.
4. Sinyuse izinga lokuxoxisana nama-ejensi ohulumeni abehlukene:
 - Ukuxhumanisa ukuhamba kwemithwalo kanye nokugwema isinyokotho ezintubeni zethu zokungena
 - Ukuqinisekisa ukuthi izimpahla ezihanjiswa zihamba kahle ukusuka emazweni esakhelene nawo kuhambisana nokuhlinzekelwa imithetho-nqumo ebekiwe

Siqaphele ukuthi kuyaqhubeka ukuhweba okungemthetho ngakho-ke sibe sesiqalisa ukuvalela okuningi kanjalo nokuyidla leyo mpahla ebanjiwe ngesikhathi senyanga uMbaso:

- **43 Okuvalelwe** (konke kusukela kugwayi kuya kuzimfonyo).
- **17 Okubanjwe** izimpahla zenani **lika-R2.6 million ikakhulukazi** ogwayi, utshwala kanye nezimpahla zokugqoka kanye nezicathulo ezingombombayi.

2. UKUSINGATHWA NOKUSEBENZA KWEMALI ENGENAYO

Ukusebenza kweNtela neNtela yeMpahla engenayo nephumayo kuthikamezekile ngalesi sikhathi. Lesi yisithombe esiguqukayo kanti sizoqhubeka nokwenziwa ngcono, kodwa kakhulu sizoba umsebenzi:

1. Lapho isimo esijwayelekile somnotho waseNingizimu Afrika esiya khona ngesikhathi senselelo ye-Covid-19, kodwa sibhebhethekiswe ukwehliswa kotshalomali okwenziwe ama-ejensi amabili enza izilinganisonani
2. Umthelela othile wezindlela zokwehliswa kwentela ngesikhathi se-Covid-19
3. Izinqumo ezithathwe uhulumeni ngesikhathi samazinga ehlukene okuvalwa kokunyakaza ezweni azoba nomthelelangqo emandleni omnotho kanjalo nasemisebenzini engenisa umnotho
4. Umthelelamvma ekuthobeleni

1. Isimo esiJwayelekile soMnotho waseNingizimu Afrika, uMthelela wokwehliswa kwezinga kanye ne-Covid-19

1. Ngesonto eledlule uMgcinimafa kaZwelonke uveze isimo esibucayi somnotho umhlaba wonke esingakaze sibonwe selokhu kwaba khona ingcindezi enkulu kwezomnotho eyaziwa nge-Great Depression:
 - Kuqaguleka ukuthi uzoncipha ngo -3% kulonyaka ophezulu nje kuphela
 - Iminotho esithuthukile yona izothwala kanzima kakhulu kulokhu ngokuncipha ngo -6.1%, kanti
 - Iminotho esathuthuka yona kuqagulwa ukuba izoncipha ngo -1%
 - Iminotho eku-Sub-Sahara yona kuqagulwa ukuncipha ngo -1.6%
2. INingizimu Afrika yona, lezi zibonelo ezintathu yizindlela ezikhombisa ukuqagulwa kwemiphumela ye-GDP ephakathi kuka -5.4% kuya ku -16% kulo nyaka ophezulu.
3. Imiphumela yokugcina izoncika ekutheni lolu bhubhane lube nomthelela ongakanani emhlabeni jikelele, kanti kuleli umsebenzi wokuvalwa kokunyakaza okuyizinqumo ezithathwe uhulumeni ngemizamo yokunqanda ukusabalala kwegciwane nokusingatha imiphumela yezempilo kanjalo nezinga labashonayo.
4. Siyavuma ukuthi kuningi ukwehlukahlukana okungaziwa nokungahlonziwe kahle okubhekene nazo zonke izindlela ezilokhu ziqhubeka nokulungiswa.
5. Nembala sibhekene nokungasebenzi kahle komnotho okungakaze kubonwe kamuva nje, okubhebhethekiswa amaphutha akhona ezinhlakeni zomnotho ezweni lethu, okubandakanya:
 - Ukungalingani ngokwezindawo nenhlalakahle okungakaze kulungiswe selokhu kwaqala intando yeningi
 - Imiphumela yezemfundo engemihle nengamukelekile, ebeka ingcindezi phezu kwamakhono ekusasa lethu
 - Amazinga aphantsi ngendlela engemukelekile okukhula kwemisebenzi, Unacceptably low levels of labour intensive growth, ebhebhethekisa amazinga aphezulu okuswelakala kwemisebenzi
 - Ukungasebenzi kahle kwezinkampani zikahulumeni okunomthelela omubi ezimalini zombuso kanjalo namanani asingathwayo - okuholela ezindlekweni ezingamukelekile zesikweletu sokusebenza kany enokunyuka kwamanani
 - Ukucinana kweizmboni ezizimele ezinokuncintisana okungatheni nemigomo eminingi evimbela ukungena kwababambiqhaza abasha nabancane

2. UMTHELELA EKUSEBENZENI KWEMALI ENGENAYO

1. Yize kusekusha, umbono wethu wokuqala ukuthi ukusebenza kwemali engenayo kuzokwehla kunalokho okwamenezelwa kuSabiwomali ngoNhlolanja okungaba phakathi kuka-15%-20%. Lokhu kusho ukuthi ukungasimami kahle kwemali engenayo kungase kunyuke kuye ku-R285 billion.
2. Uma sibheka ukuhlola kokuqala kokusebenza kwemali engenayo ngenyanga yokuqala singabika ukuthi:
 - Ukungasimami kahle okungaba u-R9 billion ngenyanga kaMbasa kukhombisa ukuncipha konyaka nonyaka kuka-8.8%
 - Imbangela enkulu yalokhu kungasimami kahle kubandakanya:
 1. **I-PAYE yehle ngo-5.2% kweyangonyaka owedlule**
 - **65 219 abaqashi** abakhokhe ngenyanga kaMbasa 2019, kodwa akwenziwanga zinkokhelo ngenyanga kaMbasa ku-2020 - inani lentela elingu-R3.8b
 - **87 137 abaqashi** abakhokhe ngenyanga kaMbasa 2019, kodwa kwenziwa izinkokhelo ezingaphansi ngenyanga kaMbasa ku-2020 - inani lentela elingu-R6.1b
 2. **I-VAT yakuleli yehle ngo-4.3% kweyangonyaka owedlule**
 - Isibalo sabadayisi abafake amaphepha nabakhokhile sehle ngo-13% sisuka ku-160 136 kuMbasa 2019 saya ku-139 313 kuMbasa 2020.
 - Abadayisi abakhokhile kulo nyaka bangu-139 313, bayi-104 996 (75%) kuphela abangabakhokhi abaphindayo (abakhokhe ne-PY). Imali eqoqwe kulo 75% wabadayisi abakhokhile kuyo yomibili iminyaka inciphe ngo-R200m (0.9%). Lokhu kubonisa ingcindezi kuntelangqangi.
 - Izinkokhelo zanyanga zonke unyaka nonyaka ezivela kulabo abafake amaphepha **zehle ngo-20% okuyinani lentela elingu-R1.1b**
 3. **Intela yempahla engenayo isiyonke yehle ngo-19.7% kweyangonyaka owedlule**
 - I-VAT yempahla engenayo yona **yehle ngo-25%** kweyangonyaka owedlule - **inani lentela elingu-R1.6b**
 - Izintelo zoMnyango wokuThelisa **zehle ngo-11.8%** kweyangonyaka owedlule - **inani lentela elingu-R100m**

4. **Izintelo ezithile** zehle ngo-54.7% kwezangonyaka owedlule - **inani lentela elingu-R1.3b** (elingaphansi ngo-R1.7b otshwaleni nakugwayi, okube nomthelela omuhle kuLevi yokusaPhethilomu)

- Kumanje sesithole izicelo zokuhlehlisa inkokhelo ezivela kubakhokhintela abathathu mayelana notshwala, ugwayi kanye nophethilomu
- Okwamanje sisaphenya ukungathobeli uma kubhekwa utshwala kanye nogwayi
- Sinabo ubufakazi ubungamahebezi okuthi ukuthengiswa kukagwayi notshwala bekuhubeka kuqhubeka ngesikhathi sokuvalwa kokunyaka ezweni - yize umthelela wemali engenayo uphansi uma uyiphesenti lesamba semali engenayo, ubugebengu balokhu yibo obusikhathazayo

5. **Izintelo zezinkampani zehle ngo-55.4% kwezangonyaka owedlule**

- Inyanga kaMbaso akuyona inyanga ebalulekile yezintelo zezinkampani, kodwa izinkomba zokuqala ziveza ukuthi kuzosinda kwehlela zinhlangothi zonke ngaphandle kukagesi, igesi namanzi
- Silindele ukuthi isibalo sezinkampani ezizofaka izicelo zokuhlengwa kwebhizinisi sizonyuka onyakeni ozayo

6. **Izimali ezibuyiswayo ze-VAT zona zingaphansi ngo-12.5% kunalokhu obekulinganiselwe**

- Izinkokhelo zezimali ezibuyayo ze-VAT zenyanga kaMbaso zehlile ngenxa yokwehla kwesibalo sezimali eziza kubantu uma ziqhathaniswa nonyaka owedlule ngenyanga kaMbaso - inani lemali ebuyayo lika-R15.5b uma kuqhathaniswa ngo-R17.7b kuMbaso 2019

3. IZINDLELA ZOKWEHLISA UMTHWALO WENTELA:

1. Izindleko zezindlela zokwehlisa umthwalo wentela ngesikhathi se-Covid-19 zizodwa zilinganiselwa ku-R70 billion okuvela ekuhlehlisweni kokungakhokhwa kwentela ngaphandle kweiznhlawulo nenzalo, ukwelulwa kwemihlomulo yesisebenzi yentela i-Employee Tax Incentive kanjalo nokumiswa okwesikhashana kokukhokhwa kweLevi yokuThuthukiswa kwamaKhono.
2. Leli nani:
 - Libandakanya u-R5 billion waleso naleso sicelo sokuhlehliselwa, kodwa siqagula ukuthi leli nani lizonyuka kakhulu, kanti

- Alifaki ukulinganisela ikusasa kokwehla kokuthobela ngenxa yokuthi amabhizinisi azobe ethwele kanzima ezimalini ezingenayo neziphumayo, futhi engakwazi ukukhokha lezi zinkokhelo ezizobe zihlehlisiwe ngonyakamali esikuwo, noma angakwazi ukukhokha futhi/noma ahluleke qobo
3. Ngakho-ke, silinganisela ukuthi umthelela ophelele wezindlela zokwehlisa umthwalo wentela ungase ube ngaphezulu le kuno-R70b wokuhlola kokuqala

4. UMTHELELA EMANDLENI OMNOTHO NGENXA YE-COVID-19 NOKUVALWA KOKUNYAKA EZWENI

Into esikhathaza kakhulu ngasemali engenayo akukhona ukwehla kokusebenza komnotho, kodwa ukulahlekelwa amandla omnotho ngenxa yokuvalwa kwamabhizinisi kanye nokulahleka kwemisebenzi. Umthelela ogcwele walokhu uzobonakala ezinyangeni ezimbalwa ezizayo, nasekutheni uhulumeni ukusingatha kanjani ukuvulela umnotho kancane kancane.

Amabhizinisi amaningi angeke akwazi ukusebenza enze inzuzo uma kwehliswa amandla okusebenza bese eyafadalala. Labo abaqale amabhizinisi phansi, bazokwazi ukuthi kunzima kanjani ukuqala ibhizinisi - kuvamise ukuthatha ukuzama amabhizinisi ayi-100 ehlukene ngaphambi kokuthi uze uthole elilodwa eliphumelelayo! Ukulahleka kwamandla omnotho emnothweni wethu kuzoba nomthelela ozoba owesikhathi eside emalini engenayo.

Ukuhlola kwethu kokuqala sikususela kulawa maphuzu alandelayo eminingo:

1. Ngokombiko we-STATSSA **ngokuwa kwamabhizinisi nokungabi namali**
 1. **Ukuwa kwamabhizinisi kunyuke ngo-12.3%**, ngoNhlolanja 2020 uma kuqhathaniswa noNhlolanja 2019, lapho kubonakale khona ukunyuka kwezicelo zokuzikhethela ngokuthanda
 2. **Ukungabi namali kwamabhizinisi kona kunyuke ngo-13.9%** ngoMasingane 2020 uma kuqhathansiwa noMasingane 2019
2. **Ngokweziqondiso eziphothuliwe**, singabika ukunyuka kwesibalo **sezibesenzi ezidilizwe ezingu-1 622** kuMbaso 2020 uma kuqhathaniswa noMbaso 2019 - ukunyuka okucishe kube ngu-9% - Inani lokudilizwa kwabantu kuMbaso 2020 lifinyelele ngaphezulu kuka-20 000.

3. Abakwa-STATSSA baphinde benza inhlolovo ngemibono yabantu, begxile **emabhizinisini abhalisele i-VAT**, uma kubhekwa ngesikhathi sika 30 kuNdasa - 13 kuMbasa 2020, base bebika ukuthi:

- Angama-42% amabhizinisi abona sengathi ngeke akwazi ukusebenza ngesikhathi sobhubhane lwe-Covid-19
- Angama-54% amabhizinisi abone ukuthi angakwazi ukusimama izinyanga eziphakathi kwe-1 kuya kwezi-3
- Angama-46.4% amabhizinisi asevale okwesikhashana
- Yingxenye kuphela yabantu abaphendulile ebona sengathi izisebenzi zawo ngeke zithinteke
- Angama-36.8% amabhizinisi alindele ukuthi nakanjani azosehlisa isibalo sezisebenzi
- Angama-20% amabhizinisi asemise izisebenzi zawo isikhashana
- Angama-28% amabhizinisi anciphise amahora okusebenza
- Angama-85.4% amabhizinisi abike inzuzo engaphansi kunale avame ukuyithola ngesikhathi lesi
- Ingxenye yokubili kokuthathu yamabhizinisi abona sengathi umthelela walokhu uzoba ngaphezulu kwalowo wonyaka wezi-2008/9 ngesikhathi senzikamnotho
- emabhizinisini angama-707 okwenziwe kuwe inhlolovo:
 - (i) Akhiqizayo – 180
 - (ii) Uhwebo – 71
 - (iii) Ukugcinwa kwemininingo nezokuXhumana – 52
 - (iv) Usizo lwezindlu namaBhizinisi – 44
 - (v) Ezokwakha/izinkontileka - 39

5. MANJE SENGIFISA UKUGXILA ESIKHATHINI ESIZAYO SOKUBUYISA AMAPHEPHA ENTELA

Kakhulu kunakuqala, sidinga ukuthi abakhokhintela baqhubeke nokuthobela imigomo yentela! Indlela esenze ngayo isiKhathi sokuBuyisa amaphepha eNtela ku-2020 kuziNtelo zomuntu siqu ibe nezinguquko ezisemqoka:

ISIGABA 1: 15 kuMbasa 2020 - 31 kuNhlaba 2020 - ABAQASHI BABUYISA AMAPHEPHA ENTELA

6. Ukuthobela **kwabaQashi uma kuza ezintelweni zohlu lokuholela (i-PAYE) kubaluleke kakhulu**

- Ukugxila okusha ekuqinisekiseni ukuthi bonke abaQashi bayazithobela izibopho zabo zokuthumela amaphepha nokukhokha lokhu okufanele - Silindele ukuthi

bonke abaqashi bathobele ngokuphelele ngoba lokhu kuqinisekisa ukuthi kuyawehlisa umthwalo emahlombe ezisbenzi zabo uma sekufanele zithobele izibopho zazo zokuthumela amaphepha entela

- Abaqashi baqokwe ngokomthetho njengama-ajenti asebenza egameni lakwa-SARS - Sikhumbuza abaqashi ukuthi kuyicala lobugebengu ukungayibambi intelangeniso kuzisebenzi zabo, nokungayikhokhi kwa-SARS

7. Ukuthobela kulabo abangabahlinzeki bemininingwane **egameni lomunye umuntu**

- Sinxusa abaqashi, kanye nabahlinzeki bemininingwane egameni lomunye umuntu ukuba bakwenze lokhu **ngokuphela kwenyanga kaNhlaba 2020**.
- Imininingwane egameni lomunye umuntu yenza sikwazi ukusebenzisa imininingo sisebenzisa indlela esebenzisa ubuchwepheshe nemishini esamuntu ukuze senze ukuhlola kokugcina kwabo bonke abakhokhintela abajwayelekile bese sihlizeka abakhokhintela abaningi ngosizo lokuthumela amaphepha entela okungenazihibe.
- Abahlinzeki bemininingwane egameni lomunye umuntu babandakanya:
 1. Abaqashi
 2. Amabhange
 3. Izinkampani ezihlizeka ngosizo lwezimali okuyizo ezisingethe izikhwama zomhlalaphansi kanjalo nezikhwama zempesheni
 4. Izinhlelo zokongela ezokwelashwa kanye nemishwalense
- Phezu kwalokho, In addition, abakwa-SARS bazophinde basebenzisane ne-National Population Register, i-Companies Register kanye neHhovisi lamaTayitela

ISIGABA 2: 1 kuNhlanguvana 2020 - 31 kuNcwaba 2020 - UKULUNGISWA KWAMAFAYELA ENTELA

8. Ngalesi sikhathi abakhokhintela bayacelwa ukuba bakhulume nabakwa-SARS ukuze baqinisekise ukuthi amafayela abo entela asesimweni esilungile, ukubheka izinto ezivamile nje, imininingwane yasebhange, izinguquko zekheli, njll Izinkundla ze-inthanethi zakwa-SARS zikhona ukuze ukwazi ukwenza okuningi kwalokhu. Ukuhlola lokhu sekuzokwenziwa ku-inthanethi kakhulu ngaphambi kokuqala kwesiKhathi seNtela.
9. Lonke ulwazi olusilele lomuntu wesithathu nalo luzolandelelwa ngalesi sikhathi ukuze kuqinisekiswa isithunzi semininingo. Abahlinzeki bemininingo egameni lomunye umuntu, kubandakanya abaqashi, abasaqhubeka ngamabomu nokungathobeli bazothweswa amacala obugebengu ngalesi sikhathi.
10. Ngalesi sigaba abakhokhintela abaningi bazothola ukuhlola okuzenzekelayo bese benikwa ithuba lokuthi baqinisekise ukuthi bayawemukela umphumela ngokwabakwa-SARS.

11. Ngesikhathi SESIGABA 2, abakhokhintela abangabodwana okumele ukuba bathumele amaphepha entela kodwa abangakahlolwa ngokuzenzekelayo bangafaka amaphepha entela ngokusebenzisa izinkundla ze-inthanethi uma abaqashi babo kanye nabantu abenza egameni labo bethobele ngokuphelele (okubandakanya ukuthi asikho isikweletu se-PAYE esikhona esingenzelwe zinhlelo zokuhlehliselwa sona).
12. Abantu okungadingeki ukuba babuyise amaphepha entela bazokwaziswa.
13. Abantu okudingela ukuba bafake amaphepha entela ngesikhathi SESIGABA 3 bazokwaziswa.

ISIGABA 3: 1 kuMandulo - 31 kuMasingana 2021 - IZISEBENZI ZIBUYISA AMAPHEPHA ENTELA

1. Abantu okudingeka ukuba babuyise amaphepha entela bazokhunjuzwa.
2. Abantu abangebona abakhokhintela besikhashana noma abawemukele umphumela wokuhlola okuzenzekelayo kudingeka ukuba babuyise amaphepha entela kusukela mhla **lu-1 kuMandulo kuze kube mhla ziyi-16 kuLwezi 2020** kanti futhi bayagqugquzelwa ukuba basebenzise imigudu ye-inthanethi ukuze kuncishiswe ukuza emahhovisi ethu.
3. Abantu abangebona abakhokhitela besikhashana, abasebenzisa iGatsha bazokwazi ukubuyisa amaphepha entela kuze kube mhla zingama-22 kuMfumu 2020.
4. Abakhokhintela besikhashana abangawemukelanga umphumela wokuhlola okuzenzekelayo kudingeka ukuba babuyise amaphepha entela uma sebekulungele ukwenza lokho kodwa kungaze kudlule umhla **zingama-31 kuMasingana 2021**.

6. UKUPHOSA ISO EMUVA ONYAKENI WAMI WOKUQALA KWA-SARS

Sengiphetha, ngifisa ukuphosa iso kafushane ezinyangeni eziyi-12 ezedlule selokhu ngaqala mhla lu-1 KUNHLABA 2019.

Manje sekuyaziwa ukuthi u-SARS uke wbhekana nengwadla yokungalawuleki lokhu okudicilele isithunzi sawo phansi nokuholele ekutheni izisebenzi ziphelelwe ugqozi emsebenzini, okwehlise igama lesikhungo, kanye nebhadi lokungathenjwa kwesikhungo umphakathi. Lokhu kuvelile futhi nasekwehleni kokusebenza kwemali engenayo, amazinga okuthobela kanjalo nokuziphatha kwabakhokhintela.

Uhambo lokwakha kabusha u-SARS luqale ngokuthi kubuyezwe isithunzi nokusebenza kwabaholi abasezikhundleni eziphezulu kwa-SARS.

Namuhla ngingabika kanje ngenqubekela phambili esibe khona:

14. Sesikhulume kabanzi salungisa isithunzi sobuholi

15. Siqalise uhlelo lokubona nokwakha kabusha u-SARS olubandakanya lokhu:

1. UMBONO wangowezi-2024 ohlaba umxhwele
2. Umhlahlandlela walapho u-SARS uya khona oncike ekuThobeleni kokuzithandela nokuzikhethela
3. Namuhla sethule phambi kwamakomidi asePhalamende
 - Uhlelo lwamasu okusebenza lweminyaka emi-5
 - UHlelo lokuSebenza loNyaka

16. Ukweseka umhlahlandlela walapho siya khona sineziMpokophelo eziyi-9

1. Ukuhlinzeka abakhokhintela nabahwebi **ngengcaciso nesiminya** mayelana nezibopho zabo zeNtela
2. **Ukwenza kube lula** ukuthi abakhokhintela nabaHwebi bathobele futhi bagcine izibopho zabo
3. **Ukuhlonza** abakhokhintela nabahwebi abangathobeli, nokwenza ukuthi ukungathobeli kube **nzima futhi kubadle kakhulu ephaketheni**
4. Ukuba nezisebenzi **ezisebenza ngokukhulu ukuzimisela, ezehlukile, ezinogqozi, nezibandakanyekayo**
5. Ukwelula **ukusebenza kwemininingo** ukuze kuthuthuke isithunzi, sazi ukuthi kwenzakalani futhi sibe nemiphumela engcono
6. **Ukwenza izinhlelo zethu kube ezesimanje** ukuze sihlinzeke ngosizo lwe-inthanethi (Iwedijithali) nolwenziwe ngcono
7. **Silethe izinsiza** sokuthi sisebenze kangcono, sithole imiphumela esezingeni eliphezulu futhi sisebenze kahle kakhulu
8. **Sisebenzisane futhi sisebenze naBabambiqhaza** ukuze sithuthukise uhlelokusebenza lwentela
9. **Ukubuyisa ukuthenjwa umphakathi** ohlelweni lokusingathwa kwentela

17. Umsebenzi wethu siwuhlele ngendlela yokuthi ukwazi ukufeza nokufinyelela kulezi ziMpokophelo eziyi-9

1. Uhlelo lwezinhlaka ezi-3:
 - Ukubandakanya abakhokhintela
 - Ukudizayina nokulekelela
 - Usizo lwamaBhizinisi nokweseka
2. A Uhlaka ngeziFunda:
 - 9 Izifunda ngokwezindawo ezikuzo
 - 3 Izigaba zabakhokhintela
3. Uhlelo olubukeziwe lobuHoli besikhungo nezinhlelo zokuphatha

18. Njengengxenywe yokwakha kabusha ingqalasizinda entofontodo senze lokhu

- Sibuyisele ukuzinikela okusezingeni eliphezulu
- Sakhe kabusha uhlelo lobuHoli
- Uhlelo lokuxhumana nezisebenzi

19. Ukuthuthukisa ukusebenza kwemali enganyo sethule lokhu

- Isikhundla se-Chief Revenue Officer
- Ukugxila kakhulu emalini engenayo ngeziNhlelo zethu zokuThobela
- Uhlelo lokusimamisa imali engenayo
- Ucwangingo lwegebe lentela ngaphansi kweJaji u-Dennis Davis

20. Ukwakha kabusha u-SARS kuzodinga isikhathi nokuzama ungapheli amandla.

- Izinselelo ezikhona ezibangelwe yi-Covid-19, ukwehliswa kotshalomali, ukuncipha kakhulu komnotho kamuva nje nakho kwenze umsebenzi wethu waba nzima kakhulu, KODWA
- noma kunjalo, sibusiwe ngesisekelo esiqinile, abesilisa nabesifazane abaningi abazinikele, kanye nenhlekelele esingazimisele ukuthi singayisebenzisi.
- Zisibophezele futhi sinentshisekelo yokwenza lo msebenzi obalulekile esinethamsanqa lokuwenza.

NGIYABONGA!

EDWARD CHR KIESWETTER

UKHOMISHANA WAKWA-SARS

5 Nhlaba 2020